Aldin Mutembei

Izilimi Zomdabu Zase-Afrika Njengesango Lentuthuko Enesisekelo, Intando Yeningi kanye Nenkululeko: Isibonelo seKiswahili

Isifingqo

I-African Academy of Languages (ACALAN) ithola umqondo ngobumbano nentuthuko ezwenikazi lase-Afrika ezilimini zesintu. Ukusetshenziswa kwezilimi zesintu ezwenikazi lase-Africa kuzosiza ukubuyisa isithunzi nenhlonipho yalo. Empumalanga yezwekazi le-Afrika, ulimi lwesi-Swahili lwamelana namagagasi amasiko ombuso wezizwe eziningi ukuze luthathe indawo yalo efanele. Ulimi lolu luyakhula futhi luyasabalala, lwamukela imikhuba yobuntu nesintu okusiza ukuthi lwamukelwe emazweni ahlukene. Kulandela isibonelo ngempumelelo ye-siSwahili ekukhulumeni nasemkhakheni wezokubhala, lolu cwaningo luphakamisa umbono othi izilimi zesintu azivezi amathuba obumbano kuphela kodwa kuliqiniso ukuthi ziveza amathuba okwazi ukugcina ukuthula nokuzwana emphakathini kanye nenhlonipho. Uma sibuka amathuba ezomnotho, izilimi zesintu ezifana nesiSwahili zinakho ukuma kanye nokwengeza amazinga entuthuko. Kusetshenziswe injulalwazi yobuntu njengoba yakhiwa nguHorace Campbell (2010) ukubheka izizathu ezingadala ukuthi isi-Swahili sisabalale emazweni ahlukene esikhathini samanje kanye nezizathu zokwamukelwa kwaso izindaweni zase-Afrika ezinobuliminingi. Ucwaningo lolu luhlose ukukhuthaza abakhi benqubomgomo ezwenikazi lase-Afrika ukuthi bakhuthaze kakhulu ukuthuthukiswa kwezilimi zomdabu zase-Afrika okuzovula amathuba ohlelo lwezemfundo olwethembekile, nokukhuluma ngokukhululeka, ukukhuthazwa kwemibono emisha nemibono eyakhayo kanye nokuthuthukiswa okuphelele kwabantu bezwekazi lase-Afrika.